
# IBhayibheli LaBantwana
## Likulethela

# UDaniyeli Othunjiwe



Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Jonathan Hay; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Mary-Anne S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala


Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2025 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.



UDaniyeli nabangane bakhe abathathu babehlala kwa-Israyeli. Ngelinye ilanga kwafika inkosi enkulu ezweni lakubo yathatha zonke izinsizwa ezihlakaniphile yaziyisa ezweni layo. Inkosi yayinegama elikhulu elide - uNebukadinesari - futhi yayihlala ezweni elikude elibizwa ngokuthi iBhabhiloni.




Izinsizwa zaphathwa kahle kakhulu eBhabhiloni. Inkosi yayikhethe izinsizwa ezigqamile nezingcono kakhulu kuwo wonke amazwe omhlaba. Wahlela ukubaqeqesha ngolimi lwaseBhabhiloni ukuze babe izinceku zakhe futhi bamsize ekuphatheni umbuso.



3

Ukudla kwakukuhle futhi. Izinsizwa zidle okudliwe yinkosi. Kodwa uDaniyeli nabangane bakhe abazange bafune ukudla lokho kudla ngoba kwakunikelwe konkulunkulu bamanga. UDaniyeli wayethembise ukuthi wayengeke enze lutho olumelene noNkulunkulu wakhe. UNkulunkulu ka-Israyeli wayeyale abantu Bakhe ukuba bangazihlanganisi nezithombe noma onkulunkulu bamanga.




4

UDaniyeli wacela imvume kumphathi wokuqeqeshwa kwakhe ukuba angakudli ukudla kwenkosi. Uma inkosi ikwazi lokho, yayizothukuthela kakhulu. Kodwa uNkulunkulu wayemenze uDaniyeli intandokazi kule ndoda.



5

Wavuma ukunikeza uDaniyeli nabangane bakhe uvivinyo. Izinsuku eziyishumi babedla imifino kuphela futhi baphuze namanzi kuphela. Ekupheleni kwezinsuku eziyishumi uDaniyeli nabangane bakhe babonakala bephilile kunawo wonke amajaha adla ukudla kwenkosi. Ngakho bavunyelwa ukuqhubeka nemifino namanzi.




6

Lezi zinsizwa zazidumisa uNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wabahlonipha. UNkulunkulu wabanika ulwazi nekhono ezintweni ababezifunda, futhi uDaniyeli wayenokuhlakanipha ukuze aqonde yonke imibono namaphupho.



7



Ngemva kweminyaka emithathu yesikole eBhabhiloni, zonke izinsizwa zethulwa phambi kweNkosi uNebukadinesari. Wakhetha uDaniyeli nabangane bakhe abathathu njengabangcono kunabo bonke. Eqinisweni, iNkosi yathola ukuthi uDaniyeli wayehlakaniphe kakhulu kunabo bonke Abahlakaniphileyo embusweni wayo.

8

Ngobunye ubusuku, inkosi yaba nephupho elibi. Wabiza, izanusi, izazi zezinkanyezi nabathakathi bakhe ukuba beze bazokuma phambi kwakhe. Inkosi yathi: “Ngiphuphe iphupho, futhi umoya wami ukhathazekile ukuqonda iphupho.” Izazi zaphendula zathi: “Nkosi, phila kuze kube phakade! Tshela izinceku zakho iphupho, bese sizokutshela ukuthi lichaza ukuthini.”




9

Inkosi yaphendula yathi: “Hhayi, kufanele ningitshele ukuthi ngiphupheni nokuthi kusho ukuthini. Uma ningakwenzi, niyonqunywa, izindlu zenu zishiswe! Kodwa uma ningitshela iphupho nokuthi lichaza ukuthini,” inkosi iqhubeka yathi, “nizokwamukela izipho nemivuzo nodumo olukhulu.” Nakanjani, akekho noyedwa kwabahlakaniphile owayekwazi ukutshela inkosi iphupho layo.



10

Izazi zenkosi zathi enkosini, “Akukho muntu emhlabeni ongenza lokho okucelayo. Ngonkulunkulu kuphela abangakwenza lokho, futhi abaphili emhlabeni.” Inkosi yathukuthela kakhulu. “Babhubhisani bonke abahlakaniphileyo baseBhabhiloni!” walaya.




11

Lapho amabutho efika kuDaniyeli, wathi ku-Ariyoki induna yenkosi, “Kungani inkosi ibhubhisa bonke abahlakaniphileyo na?” Khona-ke u-Ariyoki wamtshela uDaniyeli konke okwenzekile. UDaniyeli waya enkosini. Wacela isikhathi esengeziwe ukuze atshele inkosi incazelo yephupho lakhe.



12

UDaniyeli wayeseya endlini yakhe, watshela abangane bakhe oShadiraki, noMeshaki, no-Abhedinego konke. UDaniyeli wayengazi ukuthi iphupho laliyini noma lichaza ukuthini, kodwa wayazi uMuntu owazi konke. Lowo Othize unguNkulunkulu. Ngakho, uDaniyeli nabangane bakhe bathandaza.



13

UNkulunkulu wabonisa uDaniyeli iphupho nencazelo yalo. UDaniyeli wambonga uNkulunkulu wezulu, wathi: “Malibongwe igama likaNkulunkulu kuze kube phakade naphakade, ngokuba ukuhlakanipha namandla kungokwakhe.” UDaniyeli washesha waya enkosini, wathi kuyo, “Kukhona uNkulunkulu ezulwini owambula izimfihlakalo.” Wayitshela inkosi ukuthi iphupho lisho ukuthini.



14

Kwathi inkosi uNebukadinesari ilizwa iphupho nencazelo yalo, yawa phansi phambi kukaDaniyeli, yathi, "Ngempela uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu wawonkulunkulu, neNkosi yamakhosi, nomambuli wezimfihlakalo, lokhu wena ukwazi ukwambula lemfihlakalo." Inkosi yase yenza uDaniyeli waba umuntu omkhulu, yamnika izipho eziningi ezinkulu. Wamenza umbusi phezu kwesifundazwe sonke saseBabele, nombusi wabo bonke abahlakaniphileyo baseBhabhiloni.





UDaniyeli Othunjiwe

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Daniyeli 1-2

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130



Yaphela

31 60



Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16